**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU ESIBHEDLELA SENGQONDO EZIMBOKODWENI MHLAKA 21 MASHI 2015**

Mphathi wohlelo;
Matron nesigungu sonke sabaphathi besibhedlela;
Ubuholi bendawo ngokwehlukana kwezinhlaka zabo;
Abasebenzi bonke besibhedlela;
Bese kuba esibathandayo okungabafowethu nodadewethu abathola ukunakekelwa kulesikhungo;
Ngiyanibingelela nonke.

Masibonge ukuthi namhlanje siphinde sithole lelithuba lokuzohlangana nani siqhamuka kuhulumeni, sizothi kumnandi ukuba nani.

Abanye bethu ababekhona bazokhumbula ukuthi sake safika eminyakeni emine edlule ngosuku iMandela Day lapho sasilula isandla ngezindlela ezahlukene.

Ukuza kwethu lapha kuqondana nokuthi njengezwe sigubha usuku lwamalungelo esintu, okwenzeka njalo mhlaka 21 Mashi. Owangalo nyaka futhi umgubho uhambisana ngokubungaza iminyaka engu-60 ye-Freedom Chater, okungusomqulu wenkulelo.

Mangiqale ngigcizelele ukuthi izwe lethu linomthethosisekelo okuyiwona oqinisekisa amalungelo esintu. Amalungelo esintu aphinda aqinisekiswe kusomqulu wamalungelo, esithi i-Bill of Rights lapha eNingizimu Afrika.

Miningi-ke imikhakha yemiphakathi enamalungelo aqondene nayo wonke okudinga ahlonishwe. Kuyaye kube yishwa-ke nje ukuthi kube nemikhakha ebonakala igqama kakhulu kuneminye ngokuqhakambiswa kwamalungelo ayo.

Mhlambe kuya nangokuthi izishoshovu zamalungelo alabo zona zisebenza kanjani.

Uma ngilapha-ke mina ngimele nohulumeni, ngakho-ke kumele ngikucacise ukuthi izikhungo zabantu abadinga ukunakekelwa ngokwengqondo asizithathi neze kancane.

Siyazi ukuthi njengayo yonke eminye imikhakha, nakhona ziyabakhona izinselelo lapha nalaphaya kodwa okumele sibambisane sonke ukubhekana nazo – uhulumeni, abasebenzi basesikhungweni nemiphakathi ehlala eduze nesikhungo.

Ngikusho lokhu ngoba njengohulumeni sonomthwalo wokuqinisekisa ukuthi imali esiyabela ezempilo iyafinyelela kubo bonke abantu okuhlanganisa nezikhungo ezinjengalapha ukuze kube nezinsiza ezifanele.

Sinomthwalo wokuqinisekisa ukuthi imali esiyabela izibonelelo zempesheni iyafinyelela kubantu abahlala nasezikhungweni ezinjengalapha.

Nabasebenzi yibona okumele baqinisekise ukuthi imigomo yokusebenza kwezimali esikhungweni ilandelwa ngendlela ukuze kugwemeke izinkinga ezigcina sezibeka engcupheni impilo yabantu abadinga ukunakekelwa.

Kanjalo nemiphakathi eseduze kumele ihlale iyihlo lokwenzeka esikhungweni ngoba vele phela nezimali ezisebenza khona ngezabakhokhi bentela okuyiwona amalungu omphakathi.

Uma sibambisana kanjalo ngeke sibe nezigameko lapho kucekelwa phansi impahla, kucanase izigebengu, kugcine kungasekho ukuphepha kuwo wonke umuntu ongaphakathi esikhungweni.

Siyazi ukuthi nakuba abasebenzi, ikakhulukazi besifazane, kumele bavikeleke ekuhlukunyezweni ngokocansi, kodwa siyazi ukuthi odadewethu abanakekelwa lapha bangaba wukudla kwabadlwenguli noma nini uma singabambisani ukuqinisekisa ukuphepha kwabo.

Mhlambe kumele kulolo daba sikugcizelele ukuthi kuyenzeka njalo kwezinye izikhathi umhlola ube sekhaya – kube ngabanye babasebenzi abagcina sebehlukumeza ngokocansi bona laba bantu ababagadayo.

Kulokhu futhi asibashiyi ngaphandle nabasebenzi besifazane esike sithole kwezinye izindawo sebezibambela kwabesilisa ababanakekelayo babadlwengule.

Ngoba ngiyazi ukuthi nani eninakekelwayo lapha abanye benu babuye bazibone sebeyizinsizwa nezintombi, kumele nazi ukuthi nilandela imithetho enibekelwe yona lapha. Akangabikhona umuntu obona ukuthi onesi bayizimpatha bese efuna ukwenza ukukhohlakala lapha. Siyezwana angithi?
Yizona zonke-ke lezi zinto esithi kumele siqwashise ngazo uma sihambele indawo enjengalena.

Mangithathe leli thuba ngibonge kakhulu kubasebenzi balesikhungo ngokunakekela abantu bethu. Ngibonga ukuzinikela kwabo ukuthi sithi siqhubeka nemisebenzi yethu yansuku zonke, sibe sazi ukuthi abathandiweyo bethu basezandleni ezifudumele.

Angiyena uNgqongqoshe wezeMpilo futhi angiyena ungoti ofundele ezempilo. Kodwa ngokukhula ngibona izinto, ngiyaqonda ukuthi akuyona into elula ukwelusa umuntu futhi ongaboshiwe njengoba kwenzeka ejele.
Umsebenzi wenu lapha udinga ubizo lwangempela – kudingeka nikwazi ukwehlukanisa phakathi kwento umuntu ayishoyo noma ayenzayo ngokwangempela noma ngenxa yesimo somqondo.

Ngingasho nje ngithi yizinto ezinjena ezikhulunywa uhulumeni wesifundazwe sethu uma sithi sifuna abasebenzi bomphakathi abasebenza ngobuqotho.

Ngalawo mazwi sithi masiqhubeke sibambisane sonke ukwakha umphakathi onakekelayo sihloniphe amalungelo abo bonke ngaphandle kokubheka isimo sempilo.

Abanokuphazamiseka ngokwengqondo bangabethu nabo, siyabathanda!

**Siyabonga**